Inkanyiso, 14 July 1892

NEWSPAPER: *Inkanyiso*
DATE: 14 July 1892, p5.

OFFENSIVE WORDS/TERMS: Nil

(Ku Mhleli we *Nkanyiso.)*

MNGANE, -Ngicela indawana epepeni lako elihle. Ngiyampikisa impela u Qili Lamanzi Kokoti lapa ekuluma ngomuzi wenkosi yakwa Zulu, eti u Mpande wayebeke u Mbuyazi kepa u Cetshwayo wapoqa ubukosi ngokumahlula ngezikali.

U Ngqumbazi wakwoka Mbonde, inkosazana yakwa Zungu, waqonywa ngu Tshaka ese yintombi, wamqomela umnawa wake u Mpande ukuba abe inkosikazi eyakuzala inkosi ka Mpande; naye mhlaumbe uyazi u Kokoti ukuti u Mpande ulwa no Dingane nje, ngoba ebangela indhlu yakwabo; uyazi futi ukuti u Tshaka wayengatandi ukuzala, esaba umbango, kodwa etanda ukuba kuzale u Mpande. U Ngqumbazi wazala u Cetshwayo. Kute mhla u Mpande esexabene no Dingane, amaBhunu esembuyisela kwa Zulu, ambuza ukuba awakombise umntwana wake oyinkosi, ngaloko u Mpande wakomba u Cetshwayo, amaBhubu asemsika endhlebeni amenza upau lwawo ayakumazi ngalo.

U Monase wakwoka Mntungwa, inkosazana yakwa Nxumalo, wabe umdhlunkulu ka Tshaka, kepa ngoba niyakumbula nani ukuti u Tshaka wabengathandi ukuzala, wasiwa ngu Tshaka ku Mpande ukuba abe ngumkakhe.

Kute-ke mhlana u Mpande ese inkosi, sekukule amadodana ake, wangenwa inhliziyo yokuxova umuzi wake, -njengabantu laba abanezitembu enihleze Nizwa amadodana abo ebanga uma bengaseko; inkosi yaqala ukuguqula izwi elaziwa ngu Zulu wonke, - loko ikwenza ngoba seyitanda ukubeka umntwana wakwa Nomantshali intandokazi yayo; yase ibaxabanisa iti, omkulu ngu Mbuyazi wakwa Monase umka Tshaka, - iti kumbe bangabulalana bonke laba abadala kusale u Mtonga wakwa Nomantshali ebukosini bakwa Zulu; izinduna ezinkulu kanye no Zulu bayiphikisa inkosi. Anduba-ke emva kwaloko uqambeke umbango.

Ngicela ukuba lawa makanda amatatu andipendule ukuba ku amanga ini loko.

MAGEMA MAGWAZA

TRANSCRIBER:
Sizakele Gumede for FHYA, 2022.
Student, MA in Historical Studies, UCT.